GAUTENG DEPARTMENT OF EDUCATION

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

POSSIBLE ANSWERS FOR : ISIZULU ULIMI LOKUQALA
IZINGA ELIPHEZULU
(Iphepha lesibili)

---

## ISIQEPHU A

## IZINKONDLO

IMVUBELO – M.A. MAPHUMULO

### UMBUZO 1

1.1 Cyril Bongani Mchunu/Kansas City Mchunu (2)

1.2 Ungumsakazi (2)

1.3 Ezodumo, Akulalwa, Zakhala izingaingo (2)

1.4 Unamancoko; Uthanda abantu
Ungumuntu onamahlaya noma ohlekisayo, nothanda umsebenzi wakhe. (2)

1.5 Wukuthi abanye abalaleli abamthandi futhi bayamgxeka ngala mahlaya akhe.
Ukugula esebenza. (1)

1.6 Ukhozi FM (1)
[10]

### UMBUZO 2

2.1.1 Phezu kwakho konke. (1)

2.1.2 Imbongi ikhumbula unina osewashona, ikhumbula zonke izinto ezinhle ayemenzela zona. Uncoma ukuthi unina wamupha ulwazi olufana nomthombo ompompozayo. Ukhumbula ubunzima unina ayehlangabezana nabo, kodwa wabunqoba. Kwase kufika ukufa kwamnqoba. (5)

2.1.3 Isingathekiso. Sichaza ukugadula (ukuhamba /ukugeleza njengamanzi noma ukugijima njengamanzi/Abasebenzi (2)

2.1.4 Usho izingane noma izizukulwane zakhe. (2)

2.1.5 Imvumelwano-siqalo.
Y<u>a</u>luphala yabuna — Imigqa 4,5 no 6
Y<u>a</u>finyela gongo
Y<u>a</u>thula (2)

2.1.6 kuchaza ukufa noma ukushona, Ukuphangalala, Ukubhubha, Ukuya kwagoqanyawo. (2)

2.1.7 Ukwenyuka noma ukukhwela ukugibela, ukukhuphuka (1)
[15]

2.2.1 Le nkondlo ikhuluma ngabantu abafunde kakhulu. Bathi bangafunda bakhulume izilimi noma bashwashwade. Imiqondo yabo isebenza ngokukhulu ukushesha futhi yazi amaqiniso nezimfihlo. Umlobi uthi kufunda abantu abayingcosana bese bafundisa izigidigidi zabantu.
(Kuningi okunye okungavela) (6)

2.2.2 Isihlonipho (1)

2.2.3 Umoya wokuncoma. Lapha imbongi incoma abantu abafundile. Singaphinde sithole umoya wokugxeka. Imbongi igxeka abantu abaphuzayo ngezinto abazenzayo. (Imibono yomibili iyokwamukeleka uma nje yesekwe ngokufanele) (4)

2.2.4 (a) Abanye bagcina bangaphumelelanga (2)
Ababuphuza kakhulu utshwala bayalimala.

(b) Ukufunda koyedwa kuphumelelisa iningi (2)
Ithonsi elincane nje lotshwala lidakisa abantu abaningi. [15]

2.3.1 Isonethi, inemigqa eyi-14 (2)

2.3.2 (a) Izindebe zigazukile futhi zidebezekile (1)

(b) Amehlo abomvu futhi ashone phakathi. (1)

(c) Isisu sishone phakathi ngathi siboshiwe, kuvele izimbambo ungaze uzibale nokuzibala (1)

(d) Kuvele izimbambo ungaze uzibale nokuzibala

(e) Izinwele zinde azikanyiwe futhi zingcolile zigcwele izingubo. (1)

(f) Izandla zibambene ngoxolo lwemfuno

2.3.3 Ngumuntu ohamba ecela ukudla. (2)

2.3.4 Izinwele zingcolile zigcwele izingubo futhi azikanyiwe (2)
Izinwele ezimile.

2.3.5 Umoya wosizi. Imbongi izwela lomuntu oyisinqibi futhi obulawa yindlala. Isimo akusona siyadabukisa, izindebe zigazukile, amehlo abomvu futhi ashone phakathi. Isisu sishone phakathi sengathi siboshwe ngezintambo. Imbongi ithi ayikho into engamsiza ngayo. (5)

[15]

2.4.1 (a) Ngu R.R.R. Dhlomo/B W Vilakazi (1)

(b) Sibusiso Nyembezi (1)

(c) D.B.Z. Ntuli/(Abathathu.) (1)

2.4.2 Zidume ngokubhala izincwadi. zesiZulu (1)

(udumo)

2.4.3 Abantu abenza imisebenzi emihle bayafa, sisale sikhuluma ngemisebenzi (udumo) yabo. (2)

2.4.4 Inkinsela yaseMgungundlovu. Iminyezane. (2)

2.4.5 Amakhono abo okubhala izincwadi enza ukuba imbongi nayo ifise ukubhala. (2)

2.4.6 YaseGcotsheni
Yamsusa Phansi
Yamkhipha Phezulu
Imvumelwano-siqalo (2)

1 2

2.4.7 Umoya wothando nokuncoma. Imbongi incoma ababhali ababhale izincwadi zesiZulu. (3)

[15]

**ISIQEPHU A ESEWONKE: [40]**

## ISIQEPHU B

### UMBUZO 3

Ngiwafunge AmaBomvu – L. Molefe

3.1 Izimpendulo maziveze lokhu ngoMsanka. Unovalo, lokhu kuvela uma ekhuluma noZaba ngendaba kaThulisile, ucela noMzwezwe ukuba angayivezi indaba kaThulisile noZaba. Uhlala njalo etatazela uma ekhuluma nenkosi, lokho kubonisa inhlonipho. Ungumuntu oqotho, akafuni umuntu owenza okubi enkosini njengoZaba. Lokhu kuvela ngenkathi elokhu ekhuza uZaba ngendaba yakhe noThulisile. Kuyavela futhi lokho ngenkathi uZaba ebophela isithunywa. UMzwezwe yena uyazethemba, lokhu kuvela uma ekhuluma namathambo akhe futhi uyazethemba kulokho akwenzayo. Simthola lapho etshela iNkosi ukuthi uzomnqoba uThulisile ngokumfaka intando. Uma eshaya amathambo akhe akakungabazi lokho okushiwo ngamathambo akhe. Uma ekhuluma nenkosi ubonisa enkulu inhlonipho nokukhuluma kwakhe kubonisa ubuciko (amaphuzu mawavezwe asekelwe yizibonelo ezisendabeni) (30)

**NOMA**

3.2.1 UThulisile (1)

1√ 2√√

3.2.2 Yisiko lokwendisa iwele elilodwa. Phela uma kubelethwe amawele kuyisiko ukuthi awafanelanga ukuphila womabili. (3)

3.2.3 Yayizithwele ingane kaZaba. Babehlose ukweqa benoZaba Kungoba ingamfuni uMgidi ngoba ithandana noZaba. (3)

√√ √ √

3.2.4 Abantwana abangamawele abehlukaniswa. UThulile noThulisile (4)

3.2.5 Cha, indlovukazi ayesabi ukungena esigodlweni. Futhi ayesabi ngisho iNkosi uqobo lwayo. Iyayedelela iNkosi ngoba nakhu iyaqhubeka ukuthandana noZaba. Ayifuni nokuthi ibizwe ngendlovukazi. Ayidli nokudla kwasesigodlweni. Unenkani. (4) [15]

3.2.6 Basesigangeni/basemfuleni/Basendle (1)

3.2.7 Amacala okuthandana noThulisile aze akhulelwe/Ukubophela isithunywa (2)

3.2.8 UThulisile (1)

√√

3.2.9 Babezomtshela ukuthi uThulisile kunzima ukuba abelethe ingane kaZaba, sebesaba nokuthi uThulisile uzokhuluma iqiniso lokuthi ingane ngekabani. (3)

√

3.2.10 UZaba (1)

3.2.11 Uma nje uThulisile angasho ukuthi ingane le ngekaZaba, uMgidi uzobabulala ngoba ethi bebangasho ngani ukuthi ingane akuyona eyakhe (uMgidi). (2)

3.2.12 Impelesi kaThulile/Umphelezeli kaThulile (1)

3.2.13 Ungatsheli abanye abantu ngalokhu okubonile/Ungangicebi eNkosini (2)

3.2.14 Ungasho, Ungakhulumi (2)
Babefuna ukuqhela emzini wenkosi ukuze bakwazi ukuhleba [15]

**ISIQEPHU B ESEWONKE: [30]**

## ISIQEPHU C

### UMBUZO 4

Isigcawu senkantolo – M.M. Masondo

4.1 Lapha makuxoxwe ngezigameko zikaKubheka ebulala uZikode. Lokhu kwaba yimfihlo kodwa ngoba ingalo yomthetho yinde, kwagcina sekuvelile lokho. Makuxoxwe ngoMagwegwe owabulala uMhlobo. Ekuqaleni kwasoleka uZethu Kubheka. Kodwa ngokuqhubeka kophenyo kwavela ukuthi uMagwegwe nguye umbulali UMhlobo yena watholakala ukuthi uyathinteka endabeni yemvalamlomo eyayifunwa kuDuduzile (kuzoxoxwa ngokuphelele ngalezi zigameko) [30]

**NOMA**

| | | |
|---|---|---|
| 4.2.1 | Izandla | (1) |
| 4.2.2 | √ √<br>UMagwegwe Buthelezi. Wayefuna ukuba uKubheka akhiphe imvalamlomo ukuze angazivezi izindaba zakhe (uKubheka) zokubulala uZikode. | (3) |
| 4.2.3 | √<br>Wayeyithanda imali futhi engafuni ukulahlekelwa ngisho neyodwa isenti lena. | (2) |
| 4.2.4 | uThandi | (1) |
| 4.2.5 | Wayefuna ukuba amvikele kula maqola afuna ukumkhokhisa imvalamlomo, futhi amvikele ukuze angahlazeki njengomuntu omkhulu emphakathini. UDuduzile anagaphoxeki emshadweni wakhe. | (2) |
| 4.2.6 | √ √<br>Mabili. Wake waboshelwa icala elibi lokubulala umuntu mumbe, waphinde futhi wabulala uZikode. | (2) |
| 4.2.7 | Wabe engusomabhizinisi odume iNyukhasela yonke. | (2) |
| 4.2.8 | Ukugunda izinwele, ukubeka isitini. | (2)<br>**[15]** |
| 4.2.9 | √ √√<br>Cha, sasingatshontshiwe isikebhe, wayefuna usizo kunogada ukuze afinyelele esikebheni abone ukuthi uMhlobo ushonile ngempela yini. | (3) |
| 4.2.10 | √ √√<br>UKubheka. Wayedliwa yisazela sokuthi umkakhe uZethu nguye obesebenzisa isikebhe, wadubula uMhlobo wase ebaleka eshiya ivolovolo kanye nesikhwama sakhe. √ | (3) |
| 4.2.11 | UMhlobo. Wabulawa nguMagwegwe | (2) |
| 4.2.12 | √√ √<br>Ukutholakala Kwesidumbu esabe sidutshuliwe, umnikazi sikebhe akazange abize amaphoyisa, nokuthi isikebhe sifunwa sekuhanjwa √nommeli. | (4) |
| 4.2.13 | INcadu | (1) |
| 4.2.14 | UZethu wadubula uMhlobo wase eshiya ivolovolo likaKubheka lapho, lokho kwakuzokwenza ukuba uKubheka asoleke noma aboshwe. | (2)<br>**[15]** |

**ISIQEPHU C ESEWONKE: [30]**

**ESEWONKE: 100**

**END**